The English version follows.

Malungu

Ukuhambelana Kwe-UKSU ne-POPIA Umyalezo Wamalungu Obalulekile.

I-UKSU isithathe izinyathelo ezifanele ukuze ihambelane nezidingo zomthetho i-Protection of Personal Information Act [POPIA or POPI Act].

Lo myalezo uqukethe ulwazi olubalulekile kumalungu, sicela niqaphele lokhu okulandelayo:

1) I-UKSU isizakhele inqubomgomo yayo ye-POPIA futhi seyigunyazwe yiSigungu Esiphezulu se-UKSU. Ikhophi inanyathiselwe futhi iyatholakala nasesizindalwazini se-UKSU https://uksu.ukzn.ac.za/.
2) Oyi-Information Officer ye-UKSU u-Raymond Parkies ubhaliswe ku-Information Regulator, utholakala lapha parkiesr@ukzn.ac.za.
3) Izicelo mayelana ne-POPIA kufanele zithunyele ku-Information Officer parkiesr@ukzn.ac.za nekhophi iye ku-imeyili wenyunyana ethi uksu@ukzn.ac.za.
4) Lo myalezo wazisa amalungu akhona ngokuthi imininingwane ayinikeze i-UKSU, ngesikhathi efaka izicelo zobulungu, igciniwe futhi iyasetshenziswa ngokokwenqubomgomo i-UKSU POPIA Policy.
5) Umthetho i-POPI Actawukuvimbi ukuqoqwa kwemininingwane yomuntu kodwa udinga ukuba labo okuqoqwe imininingwane yabo, baziswe ngokuthi le mininingwane izosetshenziswa kanjani futhi izogcinwa kanjani ngendlela ephephile. [bheka inqubomgomo].
6) Amalungu ayaziswa lapha ukuba:
    - Amafomu awo ezicelo zobulungu adluliselwa kwa-HR Rewards, ukuze kulungiswe indlela yokukhokhela ubulungu nyangazonke – i-BCEA, esigabeni 34(1)(a) idinga ukuba kube nemvume ebhaliwe yokubanjwa kwemali yobulungu, ngakho iNyuvesi iphoqelekile ukuba iyigcine le mvume;
    - Inqubomgomo yase-UKZN ye-POPIA iyasebenza kulezo zicelo zobulungu ikakhulukazi lobu bulungu benyunyana bubizwa nge-"special personal information";
    - Ikhophi yefomu lesicelo sobulungu be-UKSU ligcinwa ngobuchwepheshe yi-UKSU;
    - Amalungu aba yingxenye yohlu lwamalungu ukuze athole imiyalezo ekhishwa yiSigugngu Esiphezulu – amalungu angacela ukuba amagama awo asuswe kulolu hlo ngokuthi abhalele i-Information Officer parkiesr@ukzn.ac.za ne uksu@ukzn.ac.za.
    - Ngezinye izikhathi, izithombe zemicimbi ye-UKSU ehlanganisa namalungu, zizofakwa esizindalwazini kanye/ noma ekhasini lika-Facebook page – amalungu angacela ukuba izithombe ezinawo zingafakwa ngokuthi abhalele i-Information Officer parkiesr@ukzn.ac.za ne uksu@ukzn.ac.za.
    - Ilungu lingayalela i-UKSU ukuba ingayigcini imininingwane yalo njengokuhlinzekwa kwazo kwifomu lesicelo sobulungu ngokubhalela i-Information Officer parkiesr@ukzn.ac.za ne uksu@ukzn.ac.za.
7) Yize noma kunephuzu 6, uma ilungu ngomuso linesifiso sokuyalela i-UKSU ukuba isuse igama lalo ohlwini lwamalungu, ingazifaki izithombe zalo kanye/noma ingayigcini imininingwane yalo, lingakwenza lokhu noma nini ngokulandela iphuzu 3.
8) Kufanele kuqapheleke ukuthi uma ilungu liyalela i-UKSU ukuba isuse imininingwane yalo, kuzofanele lisule ku-UKSU ngoba le mininingwane iyadingeka njengamarekhodi amalungu e-UKSU futhi nokulekelela ekuhlinzekweni kwezidingo kumalungu e-UKSU.
9) Ifomu lobulungu be-UKSU selichitshiyelwe ukuze libe nolwazi olubhekiswe kumalungu amasha mayelana ne-POPIA, okuhlanganisa nemvume yokuhlela, ukusebenzisa, nokugcinwa kwale mininingwane.  Ikhophi inanyathiselwe.

10) Amalungu akhona awadingekile ukuba alethe ifomu elisha lobulungu ngoba le mininingwane asenikiwe yona.
11) Yonke imiyalezo yangomuso izohlanganisa nesikhumbuzo sokuthi amalungu angakwazi ukuba AHOXISE UBULUNGU nemininingwane yokuthi kwenziwa kanjani.
12) Ikhasi le-UKSU le-Facebook lizoguqulwa libe yikhasi leqembu elivalelekile kungakashayi umhla lu-1 kuNtulikazi (July) 2021.

Siyabonga

**ISIGUNGU ESIPHEZULU SE-UKSU**